

MATHEMATICS IN ISIZULU


GRADE 3 – BOOK 1  
TERMS 1 & 2

ISBN 978-1-431500-07-9

THIS BOOK MAY NOT BE SOLD.

9th Edition

1 2 3 4



Rainbow  
WORKBOOKS



ISBN 978-1-431500-07-9  
  
9 781431 500079

**Ukufunda ngomthethosisekelo waseNingizimu Afrika (1996)**  
Umhethosisekelo waseNingizimu Afrika (1996) uqukethe imithetho ephakeme kunayo yonke yezwe. Le mithetho ingaphezulu kukaMongameli, ingaphezulu kwezinKantolo futhi ingaphezulu kukaHulumeni.  
Uchaza indlela okufanele abantu baphathane ngayo ezweni labo, nokuthi ayini amalungelo abo nemisebenzi yabo komunye nomunye. Umhethosisekelo wezwe wenzelwe ukuthi usivikele thina sonke kanye nekusasa lezingane zethu.

**Masiyazi imvelaphi yethu.** **Masingawaphindi amaphutha enzeka enkathini eyedlule.** **Umhethosisekelo uyasisiza ukuba sibe nesithombe futhi sakhe ikusasa elingcono lethu sonke.**

Thina, Bantu baseNingizimu Afrika –  
Siyakukhumbula ukucekelwa phansi kwamalungelo okwenzeka eminyakeni eyadlu; Sibungaza labo abahluphekela ubulungiswa nenkululeko kulo mhlaba wethu; Sihlonipha labo abasebenzele ukwakha nokuthuthukisa izwe lethu; Futhi sikholelwla ekuthini iNingizimu Afrika ingeyabo bonke abahlala kuyo, sibumbene nakuba singefani.  
Ngakho-ke, ngabameleli bethu esibakhetho ngokukhululeka, samukela lo Mthethosisekelo njengomthetho-ngqangi wezwe lethu, ukuze—  
Silungise ukwehlukana kwsikhathi esedlule bese sakha umphakathi ovesekelwe yinkolelo yenqubo yentando yeningi, ubulungiswa emphakathini, kanye namalungelo obuntu;  
Sibeke isesekelo sokwakha umphakathi oqhuba ngendlela yentando yeningi; futhi ovulekile, lapho uHulumeni akhelwe khona phezu kwentando yabantu futhi lapho zonke izakhamuzi zivikelwe ngumthetho ngendlela efanayo;  
Sithuthukise izinga lokuphila lazo zonke izakhamuzi futhi sikhulule amakhono omuntu ngamunye; futhi—  
Sakhe iNingizimu Afrika ebumbene futhi eqhuba ngenqubo yentando yeningi ekwazi ukuthatha indawo yayo efanele njengezwe elizimele emazweni ngamazwe.

**Yazisa ilungelo lakho njengesakhamuzi saseNingizimu Afrika uzmisele ukuvikela amalungelo abanye.** **Yazi Umqulu wamalunge kanye Nomqulu wezinto ezidinga ukwenziwa.**

Sengathi uNkulunkulu angabavikela abantu bakithi. Nkosi Sikelel' iAfrika. Morena boloka setjhaba sa heso. God seën Suid-Afrika. God bless South Africa. Mudzimu fhatutshedza Afurika. Hosi katekisa Afrika.

ISBN 978-1-431500-07-9

IZIBALO NGESIZULU – IBanga lesi-3 Incwadi yoku-1

ISBN 978-1-431500-07-9



**basic education**

Department:  
Basic Education  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

Igama:

Iklasi:



**IZIBALO NGESIZULU**

Incwadi  
yoku-1  
Ithemu 1 & 2

# Isihlalo sabakhubazekile

No.	Isihlalo	Ikhasi
1	Bala, uhole bese ukhombisa	2
2	Bala ngokuhlanipha	4
3a	Izinombolo kugridi	6
3b	Izinombolo kugridi (kuyaq hutshwa)	8
4	Ubungako benombolo	10
5	Ukuhlanganisa nokususa	12
6	Okuphindwe kibili nawohhafu	14
7	Amaqhezu	16
8	Ukuhlela imali	18
9	Amaphethini	20
10	Amabholo, amabhokisi namasilinda	22
II	Dweba, izinto ezinhlangothimbili uziqambe amagama bese uya ziqathana	24
12	Isikhathi	26
13	Ukukala ubude	28
14	Umthamo	30
15	Isisindo	32
16	Ukuqokelela kolwazi	34
17	Qhathanisa bese ulandelanisa izinombolo	36
18	Ubungako benani lenombolo kufinyelele ema-qq	38
19	Ukubeka amashumi ndawonye uma sihlanganisa kufinyelele ema-qq	40
20a	Hlanganisa emqeni wezinombolo	42
20b	Hlanganisa emqeni wezinombolo (kuyaq hutshwa)	44
21a	Ukususa emqeni wezinombolo	46
21b	Susa usebenzisa umugqa wezinombolo (kuyaq hutshwa)	48
22	Isikhathi sedili	50
23	Ukubala ufinyelele ema-200	52
24	Zijwayeze okungaku-5	54
25a	Bala ngaku-2	56
25b	Bala ngaku-2 (kuyaq hutshwa)	58
26	Imali kudala namanje	60
27	Ukubala ngaku-3	62
28	Yikuphi okuza ngaku-4?	64
29	Amaphethini ezinombolo	66
30a	Ukuhlukanisa	68
30b	Ukuhlukanisa (kuyaq hutshwa)	70

No.	Isihlalo	Ikhasi
31	Amaqhezu	72
32	Isikhathi	74
33	Siphokophele ema-200	76
34	Ukusebenza ngamaqoqo ezinombolo	78
35a	Ukubeka amashumi ndawonye kanye nokuwehlukanisa	80
35b	Ukubeka amashumi ndawonye kanye nokuwehlukanisa (kuyaq hutshwa)	82
36	Sivakashela udokotela wamazinyo	84
37a	Hlanganisa uxube	86
37b	Hlanganisa uxube (kuyaq hutshwa)	88
38	Xazulula!	90
39	Ukubala nokwenza isibalo	92
40	Ukukala ngamasentimitha	94
41	Siphokophele ema-300	96
42	Ukuhlanganisa nokususa ngama-100	98
43	Siphokophele ema-400	100
44	Ukukala isisindo	102
45	Siphokophele ema-500	104
46	Okunye ngokuhlanganisa nokususa	106
47	Cija amakhono akho	108
48	Ukfana nxazombili	110
49	Ukwakha ufinyelele ema-500	112
50	Ukuphindaphinda nokuhlanisa (10)	114
51	Bala ngaku-2	116
52	Faka amathayela	118
53	Ukusebenza okuhlanu	120
54	Ukusebenza ngesikhathi	122
55	Bala ngaku-3 nangaku-4	124
56	Bala ngama-50	126
57	Amaqhezu; ohhafu namakota	128
58	Amaqhezu; ohhafu, okwesithathu, okwesithupha	130
59	Amaqhezu; okwesihlanu	132
60	Onhlangothi-ntathu	134
61	Ukuphindaphinda kibili nawohhafu	136
62	Okunye ukuphindaphinda kibili nokwenza ohhafu	138
63	Yenza amaqoqo uphinde uhlanganise	140
64	Masidlale ngezibalo	142
	Okusikwayo koku-1	
	Okusikwayo kwesi-2	



UNkk Angie Motshekga,  
uNgqongqoshe weMfundu  
eyiSesekelo



UMnu Enver Sury, iSekela  
loMnyango weMfundu  
eyiSesekelo

Lezi zincwadi zokusebenzela zenzelwe abantwana baseNingizimu Afrika ngaphansi kwesandla sikaNgqongqoshe weMfundu eyiSesekelo. uNkk Angie Motshekga, neSekela likaNgqongqoshe weMfundu eyiSesekelo, uMnu Enver Sury.

Lezi zincwadi ezibizwa ngeRainbow Workbooks ziyingxene ye yoMnyango weMfundu eyiSesekelo lapho uMnyango uzama khona ukungelela ukuze kuthuthukiswe imfundu yabantwana bamabanga asuka kwelokujala kuya kwelesithupha eNingizimu Afrika. UMnyango weZimali uxhase lo mkhankaso kaHulumeni njengento yokujala uHulumeni azibekel yona ukuthi ayisukumele. Uxhaso loMnyango weZimali lusize uMnyango wezeMfundu ukuthi ukwazi ukukhiquiza uphinde usabalalise ngaphandle kwenkokhelo lezi zincwadi zokusebenzela ngazo zonke izilimi zaseNingizimu Afrika ezisemthethweni.

Sinethemba lokuthi othisha bazozithanda basebenze kangcono ngazo lezi zincwadi ekufundiseni kwabo kwansuku zonke, baphinde bathole futhi isiqiniseko sokuthi abafundi babo bafundiswa konke abamelwe ukufundiswa khona njengoba kuvela kusilabhasi yabo. Sizamile ukuqiniseka ukuthi sifaka izithonjana (ama-icon) emisebenzini yokwenziwa ukuze uthisha akuthole kulula ukuyilandela nokuqonda ukuthi umfundi yini alindeleke ukuyenza.

Sinethemba futhi lokuthi abantwana uqobo lwabo bazokujabulela ukusebenzisa lezi zincwadi ekukhuleni kwabo bakhule nolwazi eziluqukethe, bese kuthi wena njengothisha wabo uthokoze kanye nabo ekugcineni.

Sifisela wena nomfundi omfundisayo impumelelo ngenkathi usebenzisa lezi zincwadi.



Published by the Department of Basic Education  
222 Struben Street  
Pretoria  
South Africa


© Department of Basic Education  
Ninth edition 2019

ISBN 978-1-431500-07-9

This book may not be sold.

The Department of Basic Education has made every effort to take copyright holders but if any have been inadvertently overlooked the Department will be pleased to make the necessary arrangements at the first opportunity.

# Ibanga lesi-3



i z i b a i o

## NGESIZULU

*Le ncwadi ngeka-:*



ISIZULU  
Incwadi  
yoku-

I




Usuku:

Ithemu |



Zingaki izinkanyezi?

Qhathanisani izimpendulo



Linganisela ukuthi zingaki izinkanyezi. \_\_\_\_\_

Manje zibale. \_\_\_\_\_



Thola ophumelele.

Ngubani olinganisele kangcono?

Gcwalisa amagama nezimpendulo zakho kuleli thebhula.


Igama lakho				
Linganisela				
Inani elitholakele kokubaliwe				
Umahluko phakathi kokulinganiselwe nokubalile				



Izindlela zokubala. Masisizane sizibhale phansi:



Ngibale ngakunye.




1, 2, 3, \_\_\_\_\_




Ngibale ngakubili.



Ngibale ngakuhlanu.



5, \_\_\_\_\_



Ngibale ngamashumi.



### Bhala imisho yezinombolo

Bala inani lezinkanyezi ezinkulu nezincane esithombeni esisekhasini lesi -2. Zibhale ngezindlela ezimbili.

Uma uhlanganisa izinombolo ezimbili akunandaba ukuthi zilandelana kanjani.

Ezinkulu

Ezincane

Kanje

noma

kanje



$$+ \star = \underline{\hspace{2cm}}$$



$$+ \star = \underline{\hspace{2cm}}$$

Kanye nangomusho wezinombolo.

$$\underline{\hspace{2cm}} + \underline{\hspace{2cm}} = \underline{\hspace{2cm}} \quad noma \quad \underline{\hspace{2cm}} + \underline{\hspace{2cm}} = \underline{\hspace{2cm}}$$



Teacher:

Sign:

Date:

11 12 13 14 15 16 17 18 19 20

2




Usuku:

Ithemu |



## Bala ngokuhlakanipha

Ukubala amathanga  
Thola indlela elula yokuwabala.



Impendulo: \_\_\_\_\_



## Ukufaka ndawonye amathanga

Ayishumi amathanga alingana esakeni elilodwa.



Zingaki izikhwama ozigcwali se ngamathanga? \_\_\_\_\_

Mangaki amathanga asele? \_\_\_\_\_

Mangaki amathanga adingekayo ukuze kugcwale elinye isaka? \_\_\_\_\_



Kusukela koku- + kuya koku- × (Ukuhlanganisa okuholela ekuphindaphinden)

Qedela umusho wezinombolo

Isibonelo:

$$10 + 10 + 10 + 10 = 40 \rightarrow \text{amaqoqo ama-} 4 \text{ ezinto ezi-} 10 = 40 \rightarrow 4 \times 10 = 40$$



a.  $10 + 10 + 10 = \underline{\hspace{2cm}}$

$$\underline{\hspace{2cm}} \text{amaqoqo okuyi-} 10 = \underline{\hspace{2cm}} \rightarrow \underline{\hspace{2cm}} \times \underline{\hspace{2cm}} = \underline{\hspace{2cm}}$$




b.  $10 + 10 + 10 + 10 + 10 + 10 + 10 = \underline{\hspace{2cm}}$

$$\underline{\hspace{2cm}} \text{amaqoqo okuyi-} 10 = \underline{\hspace{2cm}} \rightarrow \underline{\hspace{2cm}} \times \underline{\hspace{2cm}} = \underline{\hspace{2cm}}$$



Izandla neminwe



Zingaki izandla?       

Mingaki iminwe?       

Bhala impendulo ngezindlela ezimbili.

$$\underline{\hspace{2cm}} \text{amaqoqo okuyi-} 10 = \underline{\hspace{2cm}} \text{ kanye } \underline{\hspace{2cm}} \times 10 = \underline{\hspace{2cm}}$$



Teacher:
Sign:
Date:

3a

Usuku:

Ithemu |



## Izinombolo kugridi

Ukukhuluma ngezinombolo

Bala usho zonke izinombolo kusukela kweyoku -I kuya kweye -100.  
Khomba ngesikhathi uqhubeka.

I	2	3	4	5	6		8	9	10
II									
						27			
			34						40
41									
					55				
		63							
71									
						86			
			94						100



- Bhala inombolo engekho ebhokisini ngalinye eliluhlaza.
- Bhala ezinye izinombolo.
- Lezi eziphuzi ziluhlobo luni lwezinombolo?





Bhala izinombolo ngamagama.

90	amashumi ayisishiyagalolunye	41	
77		56	
14		65	



**Ukubala nokufaka umbala**

Zilungiselele ukubala imibala!



I	2	3	4	5	6	7	8	9	10
II	12	13	14	15	16	17	18	19	20
21	22	23	24	25	26	27	28	29	30
31	32	33	34	35	36	37	38	39	40
41	42	43	44	45	46	47	48	49	50
51	52	53	54	55	56	57	58	59	60
61	62	63	64	65	66	67	68	69	70
71	72	73	74	75	76	77	78	79	80
81	82	83	84	85	86	87	88	89	90
91	92	93	94	95	96	97	98	99	100

I	2	3	4	5	6	7	8	9	10
II	12	13	14	15	16	17	18	19	20
21	22	23	24	25	26	27	28	29	30
31	32	33	34	35	36	37	38	39	40
41	42	43	44	45	46	47	48	49	50
51	52	53	54	55	56	57	58	59	60
61	62	63	64	65	66	67	68	69	70
71	72	73	74	75	76	77	78	79	80
81	82	83	84	85	86	87	88	89	90
91	92	93	94	95	96	97	98	99	100

I	2	3	4	5	6	7	8	9	10
II	12	13	14	15	16	17	18	19	20
21	22	23	24	25	26	27	28	29	30
31	32	33	34	35	36	37	38	39	40
41	42	43	44	45	46	47	48	49	50
51	52	53	54	55	56	57	58	59	60
61	62	63	64	65	66	67	68	69	70
71	72	73	74	75	76	77	78	79	80
81	82	83	84	85	86	87	88	89	90
91	92	93	94	95	96	97	98	99	100

Bala bese ufaka umbala  
okungama -10.

Bala bese ufaka umbala  
okungakuhanu kusukele  
e-O uye e-100.

Bala bese ufaka umbala  
o-2.

Bala ngamashumi usuke  
e-10 uye e-100.

Bala ngakuhlanu usuka  
koku-5 kuya e-100.

Bala ngakubili usuka  
koku-2 kuya e-100.

Bhala ama -10 usuke e-10  
uye e-100.

Bhala oku -5 usuke koku-  
5 uye ema -80.

Bhala oku -2 usuke  
koku-2 uye e-100.



11    12    13    14    15    16    17    18    19    20

3b



Usuku:


Ithemu |



## Izinombolo kugridi (kuyaqhutshwa)

Funa amaphethini. Sebenzisa imibala eyahlukene ukukhombisa amaphethini ehlukene.

1	2	3	4	5	6	7	8	9	10
11	12	13	14	15	16	17	18	19	20
21	22	23	24	25	26	27	28	29	30
31	32	33	34	35	36	37	38	39	40
41	42	43	44	45	46	47	48	49	50
51	52	53	55	55	56	57	58	59	60
61	62	63	64	65	66	67	68	69	70
71	72	73	74	75	76	77	78	79	80
81	82	83	84	85	86	87	88	89	90
91	92	93	94	95	96	97	98	99	100



Faka uphawu (✓) ezinombolweni ezibala nge-10.	Beka isiphambano (✗) ezinombolweni ezibala ngaku-5.	Kokelezela (○) ezinombolweni ezibala ngaku-2.
Bhala izinombolo ezibala ngaku-2 nangaku-5.		
<hr/> <hr/> <hr/> <hr/>		

1      2      3      4      5      6      7      8      9      10



## Ukubala ngamaphethini

Faka izinombolo ezingekho.

0; 10; 20; \_\_\_\_\_; \_\_\_\_\_; 50; \_\_\_\_\_; \_\_\_\_\_; 80; \_\_\_\_\_; 100; \_\_\_\_\_;  
\_\_\_\_\_; 130; \_\_\_\_\_; \_\_\_\_\_; 160; \_\_\_\_\_; \_\_\_\_\_; \_\_\_\_\_; 200

0; 5; 10; \_\_\_\_\_; \_\_\_\_\_; 25; \_\_\_\_\_; \_\_\_\_\_; 40; \_\_\_\_\_; 50; 55; \_\_\_\_\_;  
\_\_\_\_\_; 70; \_\_\_\_\_; \_\_\_\_\_; 85; \_\_\_\_\_; \_\_\_\_\_; 100

0; 2; 4; 6; \_\_\_\_\_; \_\_\_\_\_; 12; \_\_\_\_\_; \_\_\_\_\_; 18; \_\_\_\_\_; 22; 24; \_\_\_\_\_;  
\_\_\_\_\_; 30; \_\_\_\_\_; \_\_\_\_\_; 36; 38; \_\_\_\_\_; \_\_\_\_\_; \_\_\_\_\_; 46; \_\_\_\_\_;

0; \_\_\_\_\_; 8; \_\_\_\_\_; 16; 20; \_\_\_\_\_; 28; \_\_\_\_\_; 36; \_\_\_\_\_; \_\_\_\_\_;  
\_\_\_\_\_; 52; \_\_\_\_\_; \_\_\_\_\_; 64; \_\_\_\_\_; 72; \_\_\_\_\_; 80

0; \_\_\_\_\_; 10; \_\_\_\_\_; 20; \_\_\_\_\_; 30; \_\_\_\_\_; 40; \_\_\_\_\_; \_\_\_\_\_; 55;  
60; \_\_\_\_\_; 70; 75; \_\_\_\_\_; 85; \_\_\_\_\_; \_\_\_\_\_; 100

0; 3; \_\_\_\_\_; 9; \_\_\_\_\_; 15; 18; \_\_\_\_\_; 24; \_\_\_\_\_; \_\_\_\_\_; 33; \_\_\_\_\_; 39;  
\_\_\_\_\_; 45; \_\_\_\_\_; \_\_\_\_\_; 54; 57; \_\_\_\_\_; 63; \_\_\_\_\_; \_\_\_\_\_; 72; 75



11 12 13 14 15 16 17 18 19 20



Usuku:

Ithemu |



**Khombisa izinombolo**

Sika amakhadi ezinombolo kokusikwayo koku-l.  
Sebenzisa amakhadi owasikile ukwakha lezi zinombolo.

19

43

69


54

35

10  
q




19



10  
q

$$10 + q = 19$$

43



10  
10  
10  
10  
3

$$40 + 3 = 43$$

Zenzele wena lezi zinombolo usebenzise okusikwayo koku-l.

54

35

69

10

1 2 3 4 5 6 7 8 9 10



## Bhala lezi zinombolo

Sikwenzele okokuqala.

Iq	$10 + q$	Ishumi eli - I + imivo euj - q	yishumi nesishiyagalolunye
43			
69			
54			
35			
21			
73			
44			
32			
89			
17			
95			
56			
68			
67			




Bhala izinombolo kwezisethebhuleni elingenhla zilandelane zisukele  
kwencane kunazo zonke ziye kwenkulu kunazo zonke.

_____;	_____;	_____;	_____;	_____;
--------	--------	--------	--------	--------



Teacher:  
Sign:

Date:



5

Usuku:

**I sitodlwana sikaLinda**

Ekuseni uLinda unamaphakethe ayi-19 ama-aphula.  
Emini usele namaphakethe ayi-13.

a. ULinda ngabe uthengise amaphakethe amangaki? \_\_\_\_\_

b. Bhala impendulo ibe wumusho wezinombolo.

$$\underline{\quad} - \underline{\quad} = \underline{\quad}$$



Bhala eminye imisho yezinombolo emihlanu ukukhombisa impendulo efanayo.

$$15 - 9 = 6 \quad \underline{\quad} \quad \underline{\quad} \quad \underline{\quad} \quad \underline{\quad}$$

**Ukuzejwayeza izinombolo**

Bhala izimpendulo.

$$1 + 2 = 3$$

Sebenzisa ...  
+ - =

$10 + 5 =$ <input type="text"/>	$11 + 6 =$ <input type="text"/>	$14 - 9 =$ <input type="text"/>	$14 - 8 =$ <input type="text"/>
$11 + 5 =$ <input type="text"/>	$17 + 2 =$ <input type="text"/>	$19 - 7 =$ <input type="text"/>	$14 - 5 =$ <input type="text"/>
$12 + 6 =$ <input type="text"/>	$3 + 13 =$ <input type="text"/>	$16 - 5 =$ <input type="text"/>	$16 - 13 =$ <input type="text"/>
$17 + 2 =$ <input type="text"/>	$4 + 15 =$ <input type="text"/>	$15 - 10 =$ <input type="text"/>	$19 - 7 =$ <input type="text"/>

**Iminden iyezinombolo**

5  9  14

Nazi izibonelo (zeminden iyezinombolo).

$$9 + 5 = 14$$

$$5 + 9 = 14$$

$$14 - 9 = 5$$

$$14 - 5 = 9$$



Ungayithola yonke iminden'i enombolweni 14.

$I + I3 = 14$	$I3 + I = 14$	$14 - I = I3$	$14 - I3 = I$
$2 + I2 =$			
$3 + II =$			
$4 + IO =$			
$5 + q =$			
$6 + 8 =$			
$7 + 7 =$			



Ngizokwenza  
okufanayo nge-I2.

I2

$I + II = I2$			
$2 + IO = I2$			
$3 + q = I2$			
$4 + 8 = I2$			
$5 + 7 = I2$			
$6 + 6 = I2$			



II    I2    I3    I4    I5    I6    I7    I8    I9    20

6



Usuku:

Ithemu |

## Okuphindwe kibili nawohhafu


Usakhumbula?

oku-2 uhafu woku-4

koku-4 uphinda kibili  
oku-2


kokungama-40 uphinda  
kibili okungama-20

Singakukhombisa ngomdwebo lokhu ...




Ukuthola okuphindwe kibili noma okungohhafu


a.




b.




c.




d.



e.



f.



Inselele

Thola uhafu woku-3.

Kukhombise lokhu ngenombolo noma ngegama lenombolo.  
Ungakusiza umdwebo.



Phinda kibili inombolo usebenzise umugqa wezinombolo.  
Eyokuqala wenzelwe yona njengesibonelo.

a. Phinda kibili  
oku-4


4

+

4

=


8



b. Phinda kibili  
oku-5

+


=



c. Phinda kibili  
ama-20

+


=



d. Phinda kibili  
ama-40

+

=



Qedela lokhu okulandelayo:

a. Phinda kibili oku-1

2

b. Phinda kibili okuyi-6

c. Phinda kibili i-10

d. Phinda kibili ama-30

e. Phinda kibili ama-50



Qedela lokhu okulandelayo:

a. Phinda kibili okuyi-6

3

b. Phinda kibili okuyi-8


c. Phinda kibili okuyi-14

d. Phinda kibili okungama-60

e. Phinda kibili okungama-70



11 12 13 14 15 16 17 18 19 20



Usuku:

## Amaqhezu



Faka ikota elilodwa lebhaluni umbala obomvu, asele  
abe luhlaza sasibhakabhaka. Amanye uwafake  
umbala oluahlaza okotshani.

Faka umbala obomvu kuhhafu webhokisi ngalinye.

Buka izimo.


Buka izimo. Faka uphawu (✓) ezimweni  
ezikhombisa uhafu.

Faka umbala uhafu ngamunye wesimo  
kulezo ezechlukaniswe zaba ngohafu.






Buka izimo. Faka uphawu (✓) ezimweni ezikhombisa amakota.

Faka umbala ikota elilodwa lezimo ezechlukaniswe zaba  
ngamakota alinganayo.








Faka umbala kuhhafu wezimo. Yini uhhafu wenani lezimo?



Faka umbala ikota lezimo. Yini ikota lenani lezimo?






Bhala iqhezu lalokhu: uhhafu






ikota




Dweba ezinye izimo ukwenza uhhafu ngamunye uphelele.



Dweba ezinye izimo ukwenza ikota ngalinye lilingane namanye.





Usuku:



## Ukuhlela imali



### Esitokofeleni

UMaLubisi ubala aphinde ahlele imali yeqembu.



Linganisela isamba. R \_\_\_\_\_

Bala imali. R \_\_\_\_\_

Qhathanisa ukulinganisela kanye nesamba.



### Ukonga imali

UGugu wongela icathulo ezibiza ama-R89.


Kuze kube manje unohhafu wenani.

Udinga malini ngaphezulu?

Bhala umusho wezinombolo ukukhombisa impendulo.



\_\_\_\_\_ - \_\_\_\_\_ - \_\_\_\_\_



## Ebhange

UMariya uhlela amaphepha emali abe yizinqwaba zama -5.  
Kukhona enye esele.  
Bhala isamba semali esithombeni ngasinye.



## Isamba

	R _____
	R _____
	R _____



## Inselele

### Uhambo lwasezu

Abanye abantu abadala nezingane baya ezu.  
Bathenga amathikithi ngama -R90.


Zingaki izingane? \_\_\_\_\_

Bangaki abadala? \_\_\_\_\_

Ikhona enye impendulo? \_\_\_\_\_

Izingane \_\_\_\_\_

Abadala \_\_\_\_\_





Usuku:

.....

Ithemu |



## Amaphethini

Sebenzisa ibhodi lezinombolo ezingama - 200 ukuphendula le mibuzo.

I	2	3	4	5	6	7	8	9	10
II	I2	I3	I4	I5	I6	I7	I8	I9	20
2I	22	23	24	25	26	27	28	29	30
3I	32	33	34	35	36	37	38	39	40
4I	42	43	44	45	46	47	48	49	50
5I	52	53	54	55	56	57	58	59	60
6I	62	63	64	65	66	67	68	69	70
7I	72	73	74	75	76	77	78	79	80
8I	82	83	84	85	86	87	88	89	90
9I	92	93	94	95	96	97	98	99	100
I0I	I02	I03	I04	I05	I06	I07	I08	I09	I10
III	I12	I13	I14	I15	I16	I17	I18	I19	I20
I2I	I22	I23	I24	I25	I26	I27	I28	I29	I30
I3I	I32	I33	I34	I35	I36	I37	I38	I39	I40
I4I	I42	I43	I44	I45	I46	I47	I48	I49	I50
I5I	I52	I53	I54	I55	I56	I57	I58	I59	I60
I6I	I62	I63	I64	I65	I66	I67	I68	I69	I70
I7I	I72	I73	I74	I75	I76	I77	I78	I79	I80
I8I	I82	I83	I84	I85	I86	I87	I88	I89	I90
I9I	I92	I93	I94	I95	I96	I97	I98	I99	200



Sebenzisa ibhodi lezinombolo ezingama - 200 ukuqedela izinombolo ezine ezilandelayo kula mapethini ezinombolo, bese ufaka umbala iphethini elivelva ebhodini lezinombolo.

I05, I10, I15, _____	87, 90, 93, _____
36, 40, 44, _____	184, 186, 188, _____
70, 65, 60, _____	138, 135, 132, _____
I80, I76, I72, _____	I4, I2, I0 _____



Bhala izinombolo ezilandelayo ephethinini ngalinye. Faka umbala ephethinini.  
Yini oyipawulayo ngezinombolo ezinemibala efanayo?

Bala ngakuhlanu.

	5		10						

Bala ngakubili.

2	4								

Bala ngakuthathu.

	3	6							

Bala ngamashumi.

									10




Qhuba iphethini.












11 12 13 14 15 16 17 18 19 20


10



Usuku:

Ithemu |

## Amabhola, amabhokisi namasilinda



Kokelezela amabhokisi ngombala oluhlaza sasibhakabhaka, amabhola abe bomvu kuthi amasilinda abe luhlaza satshani.



Faka umbala empendulweni efanele.



Ibhokisi

liyashelela

liyagingqika



Isilinda

liyashelela

liyagingqika



Ibhola

liyashelela

liyagingqika



Faka umbala empendulweni efanele.




unqenqema olugobile  
unqenqema oluqondile



unqenqema olugobile  
unqenqema oluqondile




unqenqema olugobile  
unqenqema oluqondile



unqenqema olugobile  
unqenqema oluqondile




unqenqema olugobile  
unqenqema oluqondile



unqenqema olugobile  
unqenqema oluqondile



unqenqema olugobile  
unqenqema oluqondile



unqenqema olugobile  
unqenqema oluqondile



Yisho ukuthi ibhola lingemuva, lingaphambili, liseceleni noma lingaphezulu yini kwebhokisi.



lingemuva	lingaphambili
liseceleni	lingaphezulu



lingemuva	lingaphambili
liseceleni	lingaphezulu



lingemuva	lingaphambili
liseceleni	lingaphezulu



lingemuva	lingaphambili
liseceleni	lingaphezulu

Teacher:
Sign:
Date:



Usuku:

.....

Ithemu I



## Dweba izinto ezinhlangothimbili uziqambe amagama, bese uyaziqhathanisa

Dweba izimo

Unxantathu

Indilinga



Isikwele

Unxande



Ukubala izimo



Bala ukuthi yiziphi izimo ongazithola ezifana nalezi ozinikeziwe.





## Faka umbala

Obomvu ezindilingeni ezinkulu, oluahlaza satshani ezindilingeni ezincane, oluahlaza sasibhakabhaka konxantathu abakhulu, osawolintshi konxantathu abancane, ophuzi ezikweleni ezinkulu, obukhwebezane ezikweleni ezincane, onsundu konxande abakhulu, ophinki konxande abancane.



## Mangaki amacala esimo ngasinye?

Mangaki amacala esimo ngasinye? Bhala impendulo ebbokisini. Sikwenzele isibonelo. Ingabe amacala aqondile noma agobile? Faka umbala empendulweni efanele.

kuqondile	kugobile	kuqondile	kugobile

kuqondile	kugobile	kuqondile	kugobile

kuqondile	kugobile	kuqondile	kugobile

kuqondile	kugobile	kuqondile	kugobile

kuqondile	kugobile	kuqondile	kugobile



Teacher:
Sign:
Date:

12





Usuku:

Ithemu |



### Ukufunda isikhathi

Qedela umusho: Yiziphi izikhathi ezikhonjisa yila mawashi?



Ihora le - \_\_\_\_\_  
nqo ezimpondweni



### Gxuma uzungeze iwashi

Siza igundane ukubala imizuzu ngaku - 5.

Qala enombolweni yeshumi nambili bese uyazungeza.






Mingaki imizuzu oyithole uma ubala? \_\_\_\_\_

Mingaki imizuzu ehoreni eli - I? \_\_\_\_\_



### Ukubhala isikhathi

Dweba izinti ukukhombisa isikhathi.



Iyishumi nanhlanu  
lishayile elesi - 6

Ingamashumi  
amatathatu lishayile  
elesi - 8

Iyishumi nanhlanu  
ngaphambili kwele - II

Ligamenxe elesi - 5



UJabu uhamba ngezinyawo  
uma eya esikoleni.



Up huma ekhaya.



Ufika esikoleni.

Uthatha isikhathi esingakanani uJabu? \_\_\_\_\_




### Usuku lokubhaka

Umama ubhaka isinkwa.



Usifaka kuhhavini.



Uyasikhapha.



Isinkwa sibhakwa imizuzu e - \_\_\_\_\_



### Inselele

Esikhathini esiphindwe kibili.

- Guqula amahora abe yimizuzu.

Amahora	1	2	4	8
Imizuzu	60			


Ngiyalibona iphethini.



- UMandla uthatha imizuzu engama - 45 ukufika esikoleni. EsikaJabu side ngokuphindwe kibili. Uthatha amahora amangaki uJabu ukufika esikoleni? \_\_\_\_\_

Teacher: \_\_\_\_\_  
Sign: \_\_\_\_\_  
Date: \_\_\_\_\_

13





Usuku:

Ithemu |

## Ukukala ubude



Alingana namapensela  
ama-3 amacala  
kanxantathu  
esewonke.



Alingana namapensela  
ama-3 amacala  
esikwele esewonke.



Ingabe  
bungakanani  
ubude nobubanzi  
bukanxande?


Mangaki amapensela enela ubude bukanxande?



Mangaki amapensela enela ububanzi bukanxande?



ubude



ububanzi

Uwasebenzise kanjani amapensela ukubala?




## Ubude obuphicayo

- a. Udinga emingaki imigqa ebomvu ukuqedela umugqa omnyama?


\_\_\_\_\_



- b. Udinga emingaki imigqa ebomvu ukuhamba uzungeze unxande wonke?



- c. Yikuphi okude, okungaphezulu noma okungaphansi, noma kuyafana?



Impendulo \_\_\_\_\_

Usho ngani? \_\_\_\_\_





## Umthamo




Ujeke uthatha izinkomishi  
ezi-10 zamanzi. Sengifake izinkomishi  
ezimbili zamanzi ojekeni.

Ngidinga izinkomishi ezingaki ukuze  
ngigcwališe ujeke?



Zingaki izinkomishi zamanzi ezisesiqukathini?  
Zingaki esizidingayo futhi ukugcwaliisa isiqukathi?

a.



Okusesiqukathini:

Esidinga ukwengeza  
ngakho:

b.



Okusesiqukathini:

Esidinga ukwengeza  
ngakho:



c.



Okusesiqukathini:

Esidinga ukwengeza  
ngakho:


d.



Okusesiqukathini:

Esidinga ukwengeza  
ngakho:


e.



Okusesiqukathini:

Esidinga ukwengeza  
ngakho:

f.




Okusesiqukathini:

Esidinga ukwengeza  
ngakho:



Bhala amagabelo alo jeke wokukala. Sikukhombisile igabelo lesi -5.



Uma inkomishi eyodwa igcwalisa kufike egabelweni, udinga izinkomishi ezingaki ukugcwalisa ujeke ngokulandelayo:

- 4 \_\_\_\_\_
- 6 \_\_\_\_\_
- 8 \_\_\_\_\_
- 10 \_\_\_\_\_




Faka uphawu (✓) eziqukathini ezinelitha elilodwa lokuwuketshezi, bese uzinamathisela zilandelane zisukele kwesincane kunazo zonke ziye kwesikhulu kunazo zonke.














Teacher: \_\_\_\_\_  
Sign: \_\_\_\_\_  
Date: \_\_\_\_\_

15



Usuku:

.....

Ithemu |




Ake sizikale ukuthi sisinda noma silula kangakanani.

Sisebenzisa isikali ukuthola ukuthi **sisinda noma silula kangakanani**.

Sisebenzisa **amakhilogramu** ukuzikala isisindo.

Sisebenzisa lesi sifinyezo: kg. Ngubani osinda kunathi sonke?



41 kg



38 kg



41 kg



42 kg




39 kg




Sisebenzisa isikali sokuzimelela ukukala isisindo.

Kulesi sikali womabili ama-aphula asinda ngokulinganayo.



Phendula umbuzo. Bhala u-a noma u-b.



Yisiphi isikali esikhombisa ukuthi i-aphula eliluhlaza lisinda kakhulu kunelibomvu?

Yisiphi isikali esikhombisa ukuthi i-aphula eliluhlaza lilula kakhulu kunelibomvu?




Linganisa izikali.

Sesikwenzele eyokuqala.



Khombisa ngokudweba ukuthi udinga izitini noma amabhola amangaki ukwenza lezi zikali zilingane.



Uma iphasela elilodwa linesisindo esiwu-3 kg, singakanani isisindo:

- samaphasela ama-2 \_\_\_\_\_ kg
- samaphasela ama-3 \_\_\_\_\_ kg
- Ningawakala amaphasela ama-4 kanyekanye kulesi sikali sasekhishini? \_\_\_\_\_




Usho ngani? \_\_\_\_\_


\_\_\_\_\_



Faka uphawu (✓) eziqukathini ezinamaphakethe anesisindo se-1 kg.



16



Usuku:

Ithemu |



## Ukuqokelelwa kolwazi

Izicathulo eklasini



Funda le ndaba.

Thabo: Ihe! UThemba mude bo! Ugqoka usayizi **b** wezicathulo!

Nkz Khoza: Yebo, Thabo, zinkulu ngempela enganeni eneminyaka eyisi - **q** ubudala!  
Ufaka usayizi bani ezicathulweni, Thabo? Yibaphi osayizi abagqokwa  
ngabanye eklasini? Asenzeni ucwaningo.

Abafundi basho osayizi babo ngamunye ngamunye.

UNkz Khoza ubhala osayizi ebhodini.


Nkz Khoza: Bala, bese ubhala ukuthi bangaki osayizi ngamunye.

2	2	3	1	2	3	1	4	3	2	3
2	3	2	<b>6</b>	2	2	3	3	3	4	3
4	2	2	3	3	5	3	2	2	2	1
1	1	2	4	2	3	2	3	4	2	4
4	3	2	2	3	1	2	2	1	4	3

Gcwala ithebhula elingezi:

Osayizi bezicathulo eklasini

Usayizi 1	Usayizi 2	Usayizi 3	Usayizi 4	Usayizi 5	Usayizi 6



Dweba igrafu yezithombe



= umfundi oyedwa

Usayizi 1	Usayizi 2	Usayizi 3	Usayizi 4	Usayizi 5	Usayizi 6



Phendula le mibuzo.

- Abafundi abaningi bagqoka usayizi \_\_\_\_\_ ezicathulweni..
- Zingama \_\_\_\_\_ izingane ezibambe iqhaza kulolu cwaningo.



Singathini ngawe?

Thola ukuthi wena nabangani bakho nifaka baphi osayizi bezicathulo!

- Sebenzani ngamaqembu anabantu abayi-6 kuya kwabayi-8.
- Qoqani imininingwane yenu.
- Bhala inani lawosayizi bezicathulo ethethbuleni.
- Qhathanisani izimpendulo zenu nezamaqembu amanye.



11 12 13 14 15 16 17 18 19 20

17



Ithemu |

## Qhathanisa bese ulandelanisa izinombolo

75	76	77	78	79	80	81	82	83	84	85	86	87	88	89	90	91	92	93	94	95	96	97	98	99



Gcwalisa ngezinombolo ezingekho.

51																								
71																								
																								100

Sebenzisa ishadi lezinombolo ukuphendula le mibuzo.

- Iyiphi inombolo engaphambili kwama -68? \_\_\_\_\_
- Iyiphi inombolo engemuva kwama -68? \_\_\_\_\_
- Bhala izinombolo ezinhlanu ezingaphansi kwama -71. \_\_\_\_\_, \_\_\_\_\_, \_\_\_\_\_, \_\_\_\_\_, \_\_\_\_\_
- Bhala izinombolo ezinhlanu ezinkulu kunama -71. \_\_\_\_\_, \_\_\_\_\_, \_\_\_\_\_, \_\_\_\_\_, \_\_\_\_\_
- Yiziphi izinombolo eziphakathi kwama -79 nama -84? \_\_\_\_\_
- Bhala lezi zinombolo kusukela kwencane kuya kwenkulu.  
73, 52, 50, 59, 61 \_\_\_\_\_
- Bhala lezi zinombolo kusukela kwenkulu kuya kwencane.  
74, 96, 99, 91, 38 \_\_\_\_\_



Qedela ithebhula. Qala ngenombolo oyinikeziwe.

	Enkulu ngokukodwa	Encane ngokukodwa	Enkulu ngeshumi	Encane ngeshumi
25				
39				
74				
56				
40				



Kokelezela inombolo enkulu kunazo zonke.

78	87	17	36	63	33
----	----	----	----	----	----

Kokelezela inombolo encane kunazo zonke.

qq	1q	q	14	41	40
----	----	---	----	----	----



Uma uphawu < lusho ukuthi **kuncane kuna-**, nalolu > lusho ukuthi **kukhulu kuna-**, qedela:

64	>	32	23	>	18
----	---	----	----	---	----

57	<input type="text"/>	98	89	<input type="text"/>	57
----	----------------------	----	----	----------------------	----



Thola izinombolo ezi - 5 ephephandaben i ziphakathi kwama - 50 nama - qq uzinamathisele lapha.

--



18



Usuku:

Ithemu |




Ukukhombisa izinombolo ngezinto

Singazikhombisa izinombolo ngamabholokhi obungako benani lenombolo.  
Ibhulokhi elincane limele umuvo o-I. Iyimivo.  
Amabholokhi ayi-IO amancane amele i-IO elilodwa. Yi-IO leli.  
Yishumi.

Amashumi	Imivo
10	2
8	2

Ungayikhombisa inombolo usebenzisa  
amashumi nemivo.

Ama-47 siwakhombisa kanje.



Amashumi	Imivo
4	7

amashumi amane  
nesikhombisa 47



Ukubhala izinombolo usebenzisa izimpawu kanye nangamagama

- a. Ngaphansi kwesithombe, bhala usho ukuthi mangaki amashumi, mingaki imivo.  
Emva kwalokho ubhale inombolo ngezinombolo kanye nangamagama.

Amashumi	Imivo	Amashumi	Imivo	Amashumi	Imivo
3	1				
31					
amashumi amathathu nanye					









20 6      2 6

- b. Singasebenzisa futhi amakhadi ezinombolo ukukhombisa lokhu.

Inombolo	Mangaki amashumi?	Mingaki imivo?	Bhala le nombolo ngamagama
26	2	6	amashumi amabili nesithupha
46			
qq			



Yisho ukuthi iyiphi le nombolo?

	 	<table border="1"> <tr> <td>Amashumi</td> <td>Imivo</td> </tr> <tr> <td>3</td> <td>5</td> </tr> </table> <p>amashumi amathathu nanhlalu 35</p>	Amashumi	Imivo	3	5
Amashumi	Imivo					
3	5					
	 	<table border="1"> <tr> <td>Amashumi</td> <td>Imivo</td> </tr> <tr> <td></td> <td></td> </tr> </table> <p>_____</p> <p>_____</p>	Amashumi	Imivo		
Amashumi	Imivo					
	 	<table border="1"> <tr> <td>Amashumi</td> <td>Imivo</td> </tr> <tr> <td></td> <td></td> </tr> </table> <p>_____</p> <p>_____</p>	Amashumi	Imivo		
Amashumi	Imivo					



11 12 13 14 15 16 17 18 19 20

19

Usuku:

Ithemu I



Funda

## Ukubeka amashumi ndawonye uma sihlanganisa kufinyelele ema - 99

Nansi indlela enye yokukhombisa ama-22.	Sineshumi Sinemivo eyishumi nambili. Sizobeka iqoqo elinemivo eyi-10.	Sesinenye futhi indlela yokukhombisa ama-22.																
<table border="1"> <thead> <tr> <th>Amashumi</th> <th>Imivo</th> </tr> </thead> <tbody> <tr> <td></td> <td></td> </tr> <tr> <td>ishumi</td> <td>imivo eyi-12</td> </tr> <tr> <td>1 0</td> <td>1 0 2</td> </tr> </tbody> </table>	Amashumi	Imivo			ishumi	imivo eyi-12	1 0	1 0 2		<table border="1"> <thead> <tr> <th>Amashumi</th> <th>Imivo</th> </tr> </thead> <tbody> <tr> <td></td> <td></td> </tr> <tr> <td>amashumi</td> <td>imivo emibili amabili</td> </tr> <tr> <td>2</td> <td>2</td> </tr> </tbody> </table>	Amashumi	Imivo			amashumi	imivo emibili amabili	2	2
Amashumi	Imivo																	
ishumi	imivo eyi-12																	
1 0	1 0 2																	
Amashumi	Imivo																	
amashumi	imivo emibili amabili																	
2	2																	

Masihlanganise ama-27 + 4. Siqala ngemivo engamabhulokhi aluhlaza bese sengeza ngemivo engamabhulokhi abomvu.

Ama-27: ngamashumi ama-2 nemivo eyi-7. Sesengeza imivo emi-4 ngaphezulu.	Sinamashumi ama-2 nemivo eyi-11. Sizokhombisa imivo eyi-10 njengeshumi eli-1.	Manje sinamashumi ama-3 + umuvo = 31																								
<table border="1"> <thead> <tr> <th>Amashumi</th> <th>Imivo</th> </tr> </thead> <tbody> <tr> <td></td> <td></td> </tr> <tr> <td>amashumi ama-2</td> <td>nemivo eyi-7 + 4 imivo</td> </tr> <tr> <td>2 0</td> <td>7 4</td> </tr> </tbody> </table>	Amashumi	Imivo			amashumi ama-2	nemivo eyi-7 + 4 imivo	2 0	7 4	<table border="1"> <thead> <tr> <th>Amashumi</th> <th>Imivo</th> </tr> </thead> <tbody> <tr> <td></td> <td></td> </tr> <tr> <td>2 0</td> <td>1 0</td> </tr> <tr> <td>+ 4</td> <td>1</td> </tr> </tbody> </table>	Amashumi	Imivo			2 0	1 0	+ 4	1	<table border="1"> <thead> <tr> <th>Amashumi</th> <th>Imivo</th> </tr> </thead> <tbody> <tr> <td></td> <td></td> </tr> <tr> <td>3 0</td> <td>1</td> </tr> <tr> <td>+</td> <td>=</td> </tr> </tbody> </table>	Amashumi	Imivo			3 0	1	+	=
Amashumi	Imivo																									
amashumi ama-2	nemivo eyi-7 + 4 imivo																									
2 0	7 4																									
Amashumi	Imivo																									
2 0	1 0																									
+ 4	1																									
Amashumi	Imivo																									
3 0	1																									
+	=																									



Buka isithombe bese ubhala umusho wezinombolo.

Amashumi	Imivo	Amashumi	Imivo	Amashumi	Imivo
<input type="text"/>	<input type="text"/>	<input type="text"/>	<input type="text"/>	<input type="text"/>	<input type="text"/>
$10 + 5 + 6$	$\underline{\quad} + \underline{\quad} + \underline{\quad}$	$\underline{\quad} + \underline{\quad} = \underline{\quad}$			

Qedela izithombe. Bhala imisho yezinombolo ekhonjiswe ezithombeni.

Amashumi	Imivo	Amashumi	Imivo	Amashumi	Imivo
		<input type="text"/>	<input type="text"/>	<input type="text"/>	<input type="text"/>
<input type="text"/>					
Amashumi	Imivo	Amashumi	Imivo	Amashumi	Imivo
		<input type="text"/>	<input type="text"/>	<input type="text"/>	<input type="text"/>
<input type="text"/>					



20a

Usuku:


Ithemu |

## Hlanganisa emgqeni wezinombolo

Hlala edeskini lakho!


Esikoleni sethu umfundu ngamunye unedeski lakhe.

Ebangeni 3A kukhona abafundi abangama-46 bese kuthi ebangeni 3B kukhona abafundi abangama-24. Sidinga amadeski amangaki emaklasini amabili?



Sebenza nomngani wakho

Bheka ukuthi laba bafundi abathathu bawusebenzise kanjani umugqa wezinombolo ukuxazulula inkinga. Qedela izibalo usebenzisa isibonelo.



Nakhu engizokwenza: Okokuqala njihlanganisa i-10, bese njithola ama-56.

Ngeqa elinye i-10 ngifinyelele ema-66.

Kuthi ekugcineni, ngeqe ka-4 ukuze ngifinyelele ema-70.

$$\begin{aligned} &= 46 + 10 + 10 + 4 \\ &= 56 + 10 + 4 \\ &= 66 + 4 \\ &= 70 \end{aligned}$$

Kumele  
njihlanganise ama-  
24 nama-46.




a.  $32 + 25 =$



b.  $52 + 26 =$

c.  $46 + 25 =$



a.  $36 + 41 =$



11 12 13 14 15 16 17 18 19 20


20b

Usuku:

Ithemu |

## Hlanganisa emqgeni wezinombolo (kuyaqhutshwa)

b.  $57 + 19 = \square$



Kumele  
nghlanganise ama-  
24 nama-46.



Nakhu engizokwenza: Uma ngisuka ema-46, ngiyakwazi ukweqa ama-20, bese ngifinyelela ema-66.

Sengizokweqa oku-4 manje, bese ngithola ama-70.

$$= 46 + 20 + 4$$

$$= 66 + 4$$

$$= 70$$

a.  $63 + 24 = \square$

b.  $65 + 29 = \square$



Zingaki izinkwa?

Imoto yezinkwa ilethe izinkwa ezinsundu ezi - 54      nezimhlophe ezi - 68.     

- a. Zingaki izinkwa sezizonke?

- b. Thola isamba emgqeni wezinombolo. Khombisa izinombolo kanye nebanga lokugxumela phambili.


Hlanganisa lokhu okulandelayo ngaphandle kokusebenzisa umugqa  
wezinombolo. Sebenzisa noma iyiphi indlela oyithandayo.

$38 + 24 =$

$58 + 17 =$

$75 + 16 =$

$83 + 29 =$




2|a

Usuku:

Ithemu |

## Ukususa emqgeni wezinombolo

Umfundi ngamunye uthola irula elilodwa!




Iklasi lidinga amarula angama-53. Sinamarula angama-35 kuphela.

Sidinga amangaki futhi ngaphezulu?  $53 - 35 =$

Sebenza nomngani wakho

Funda ukuthi abafundi abathathu bawusebenzise kanjani umugqa wezinombolo.

Qedela izibalo usebenzisa isibonelo.



Kumele ngisuse  
ama-35 ema-53. UKususa  
kusho ukuthatha kokunye.



Ngizoqala ngisuse ema-**53**. Ngizosusa ngama-**10, 10, 10** – lokho kungibeka ema-**23**. Manje ukuze ngisuse okuhlanu, ngiqala ngokususa oku-**3** bese ngifinyelela ema-**20**. Ngibuye ngisuse oku-**2** bese ngifinyelela e-**18**. Ngakho-ke sidinga amarula ayi-**18**.

$$= 53 - 10 - 10 - 10 - 3 - 2$$

$$= 43 - 10 - 10 - 3 - 2$$

$$= 33 - 10 - 3 - 2$$

$$= 23 - 3 - 2$$

$$= 20 - 2$$


$$= 18$$



a.  $68 - 24 = \boxed{\phantom{00}}$

b.  $74 - 38 = \boxed{\phantom{00}}$

c.  $92 - 87 = \boxed{\phantom{00}}$



Ukususa kusho ukuthola  
umahluko phakathi  
kwama-53 nama-35.



Ngizoqala ema-53 ngibale ngehle ngiye ema-35 ngithole umahluko. Uma ngibala  
ngihlehlala ngama-10, ngifinyelela ema-43. Ngibala ngaku-3 ngihlehlle futhi  
ngifinyelele ema-40. Manje ngibala ngihlehlle ngoku-5 ukufinyelela ema-35.  
Okuyi-10 ngikuhlanganisa noku-3 ngikuhlanganisa noku-5 kwenza i-18. Ngakho-  
ke ngidinga ukongeza ngamarula ayi-18.



a.  $38 - 14 = \boxed{\phantom{00}}$



Teacher:

Sign:

Date:

**2lb**

Usuku:

Ithemu |

## Susa usebenzisa umugqa wezinombolo (kuyaqhutshwa)


b.  $65 - 43 = \square$



c.  $72 - 39 = \square$



d.  $85 - 48 = \square$



Ngizoqala ema-35 ngibheke  
ukuthi kudingeka ngeqe  
kangaki ukuze **ngifinyelele**  
ema-53.



Ngizoqala ema-35 ngibheke ukuthi kudingeka ngeqe kangaki ukuze  
**ngifinyelele** ema-53? Ishumi lihlanganiswa nokuhlanu kanye nokuthathu  
kwakha i-18. Sidinga amanye amarula ayi-18.

a.  $84 - 32 = \square$





b.  $96 - 53 =$

← →

c.  $78 - 19 =$

← →

d.  $63 - 47 =$



Ukuhamba ngetekisi

Uhambo oluya edolobheni ngetekisi lungama - 65 km.

Itekisi okwamanje lisahambe ibanga elingama - 38 km.

Kusele ibanga elingakanani elisazohanjwa?

Sebenzisa umugqa wezinombolo ukuxazulula le nkinga.




← →

km



22



Usuku:

Ithemu |



Qala ngokuhlela!

UBusi ubuza abangani ukuthi yikuphi ukudla abakuthandayo uma besedilini. Nakhu akuqoqile. Kuhlele kahle.



Bala bese uyabhalu ukuthi bangaki abangani abakhethu inhlobo ngayinye yokudla.

Inombolo				



Qedela igrifu yezithombe. Sebenzisa ithebhula lakho. Dweba ubuso (☺) baleyo naleyo ngane ekhetha uhlobo oluthile lokudla noma lwesiphuzo.

(☺)			
(☺)			
(☺)			
(☺)			
(☺)			
(☺)			
(☺)			
(☺)			
(☺)			
(☺)			
Le <sup>mona</sup> da	Ice cream cone	Cupcake	Candy



23


Usuku:

Ithemu |



## Ukubala ufinyelele ema -200

Bala ama-aphula.




Gewalisa izinombolo

Ibhokisi eli-l linama-aphula a-  Umugqa nga-l unamabhokisi ama-

Umugqa nga-l unama-aphula a-  Imigqa emi-4 inama-aphula angama-



Mangaki ama-aphula esingawafaka kula mabhokisi?




Bala usebenzise umugqa wezinombolo.

a. Mangaki ama-aphula angangena emabhokisini ayisikhombisa?



b. Mangaki ama-aphula angangena emabhokisini ayisikhombisa?





Amaqoqo ama-3  
anezinto eziyi-10 enza


$$3 \text{ O} \quad 3 \times 10 = \boxed{3 \text{ O}} \quad \text{noma } 10 \times 3 = \boxed{3 \text{ O}}$$

Amaqoqo ama-5  
anezinto eziyi-10 enza \_\_\_\_\_  $\times$  \_\_\_\_\_ = \_\_\_\_\_ noma \_\_\_\_\_  $\times$  \_\_\_\_\_ = \_\_\_\_\_

Izinqwaba ezi-2  
zama-10 zenza \_\_\_\_\_  $\times$  \_\_\_\_\_ = \_\_\_\_\_ noma \_\_\_\_\_  $\times$  \_\_\_\_\_ = \_\_\_\_\_



Amapheya ama-5 ezinyawo.  
Zingaki izinzwane sezizonke?



$$10 + 10 + 10 + 10 + 10 = \boxed{5 \text{ O}} \quad 5 \times 10 = \boxed{\phantom{000}}$$

noma  $10 \times 5$  = \_\_\_\_\_

Yenza okufanayo nakulezi.

Amapheya ama-4 ezinyawo. Zingaki izinzwane sezizonke?

$$\boxed{\phantom{000}} = \boxed{\phantom{00}} \quad \boxed{\phantom{00}} \times \boxed{\phantom{00}} = \boxed{\phantom{00}} \quad \text{noma } \boxed{\phantom{00}} \times \boxed{\phantom{00}} = \boxed{\phantom{00}}$$

Amapheya ayi-9 ezinyawo anezinzwane ezingaki?

$$\boxed{\phantom{000}} = \boxed{\phantom{00}} \quad \boxed{\phantom{00}} \times \boxed{\phantom{00}} = \boxed{\phantom{00}} \quad \text{noma } \boxed{\phantom{00}} \times \boxed{\phantom{00}} = \boxed{\phantom{00}}$$



Masibale ngama-10.

10, 20, 30, 40, 50, \_\_\_\_\_, \_\_\_\_\_, \_\_\_\_\_, \_\_\_\_\_, \_\_\_\_\_,

\_\_\_\_\_, \_\_\_\_\_, \_\_\_\_\_, \_\_\_\_\_, \_\_\_\_\_, \_\_\_\_\_, \_\_\_\_\_, \_\_\_\_\_, 200



24




Usuku:

.....

Ithemu |



Zingaki izinhlanzi? Linganisela.



Bala izinhlanzi. Thola isamba.




Ukubala ngaku-5

Thola isamba samaqanda enhlanzi. Bhala imisho yezinombolo enezimpawu + kanye no-X. Sikwenzele okokuqala.

Izinhlanzi namaqanda	Mangaki amaqanda esewonke?
Izinhlanzi ezi - 5 zizalela amaqanda a-2 iyinye	$2 + 2 + 2 + 2 + 2 = 10$
Izinhlanzi ezi - 5 zizalela amaqanda a-10 iyinye	
Izinhlanzi ezi - 5 zizalela amaqanda a-4 iyinye	
Izinhlanzi ezi - 5 zizalela amaqanda a-3 iyinye	
Izinhlanzi ezi - 5 zizalela amaqanda a-6 iyinye	
Izinhlanzi ezi - 5 zizalela amaqanda a-8 iyinye	
Izinhlanzi ezi - 5 zizalela amaqanda a-5 iyinye	




Qedela imigqa yezinombolo kanye nemisho yezinombolo.




$$5 + 5 + 5 + 5 + 5 + 5 + 5 = \boxed{35} \quad \text{noma} \quad \boxed{7} \times \boxed{5} = \boxed{35}$$

a.



$$5 + 5 + 5 + 5 = \boxed{\phantom{00}} \quad \text{noma} \quad \boxed{\phantom{0}} \times \boxed{\phantom{0}} = \boxed{\phantom{00}}$$

b.



$$5 + 5 + 5 + 5 + 5 + 5 + 5 + 5 = \boxed{\phantom{00}} \quad \text{noma} \quad \boxed{\phantom{0}} \times \boxed{\phantom{0}} = \boxed{\phantom{00}}$$

c.



$$\underline{\phantom{0}} + \underline{\phantom{0}} = \boxed{\phantom{00}} \quad \text{noma} \quad 10 \times 5 = 50$$



Ukudoba izinhlanzi

USipho ugabe wabamba izinhlanzi eziphakathi kwama-40 nama-50. Uyazibala manje nga-2, sekusala e-1.

Ubuya uzibala nga-5, kusale ezi-2.  Udobe izinhlanzi ezingaki sezizonke uSipho?



25a

Usuku:



Ukubala amasokisi

Ithemu |

## Bala ngaku-2



- Mangaki amapheya amasokisi? \_\_\_\_\_
- Mangaki amasokisi ? \_\_\_\_\_
- Akhona amasokisi asele? \_\_\_\_\_



## Ukubala amapheya amasokisi

Bala usho ukuthi mangaki amapheya amasokisi akhona bese usho ukuthi akhona yini asele.

Amasokisi	Inani lamapheya	Inani lamasokisi	Amasokisi asele ahamba ngalinye



**25b**



Usuku:

Ithemu |



## Bala ngaku-2 (kuyaq hutshwa)

Ukwakha amapheya.

Bhala phansi izinombolo eziwugweje nezingelona usukele koku-1-60.

- a. Bhala phansi izinombolo ezingelona ugweje usukele koku- 1 – 60.

2, 4, 6,

---



---

- b. Bhala phansi izinombolo eziwugweje usukele koku-1 – 60.

3, 5, 7,

---




---



Izinombolo eziwugweje nezingelona

Kokelezela ngesijingi  
izinombolo ezingelona ugweje.

Kokelezela ngesikwele  
izinombolo eziwugweje.





## Qhubeka ubale ngaku-2

Isibonelo:

amasokisi ama-2 = ipheya eli-1 

$$2 \times 1 = 2$$

amasokisi angama-20 = amapheya ayi-10

$$2 \times 10 = 20$$


a. Bhala usho ukuthi mangaki amasokisi.

Zikhumbuze izinto ezihamba nga-2	Imisho yezinombolo
ipheya eli-1 = amasokisi ayi-2 _____	<input type="text"/> 2 $\times$ <input type="text"/> 1 = <input type="text"/> 2
amapheya ama-2 = amasokisi ayi-_____	<input type="text"/> 2 $\times$ <input type="text"/> 2 = <input type="text"/>
amapheya ama-4 = amasokisi ayi-_____	
amapheya ayi-8 = amasokisi ayi-_____	
amapheya ayi-9 = amasokisi ayi-_____	


b. Khombisa isibalo emgqeni wezinombolo bese uqedela.

Isibonelo:

$$2 + 2 + 2 = 6 \text{ noma } 3 \times 2 = 6$$



$$2 + 2 + 2 + 2 + 2 + 2 + 2 = \boxed{\quad} \text{ noma } \boxed{\quad} \times \boxed{\quad} = \boxed{\quad}$$



26

Usuku:

Ithemu |


## Imali kudala namanje



Indaba ngemali yethu

ENingizimu Afrika sisebenzisa amarandi namasenti. Saqala ukusebenzisa amarandi namasenti ngowe-1961.

Ngalezo zinsuku isenti eli-1 kwakuyilona luhlamvu lwemali olunenani elincane kunazo zonke, bese kulandela uhlamvu lwamasenti ama-2, nolwamasenti ama-5.





Ukubala amasenti

Bala amasenti.


Mangaki amasenti onawo?

Udinga amangaki amasenti  
ukuhlanganisa i-R1,00?

Wadwebe ebhulokhini.



Mangaki amasenti?



RI,00 = <input type="text"/> c	R2,00 = <input type="text"/> c
R3,00 = <input type="text"/> c	RI,50 = <input type="text"/> c



Ngingathenga izithelo ezingaki?

2 ubiza ama-R4,00.


Mngaki ubhanana ongawuthenga  
ngama-R20,00?

2 abiza ama-R2,00.

Mangaki ama-aphula ongawathenga  
ngama-R9,00?



27



Usuku:

Ithemu |

## Ukubala ngaku-3



Amasondo ahamba ngama-3



Usondontathu ngamunye unamasondo a- \_\_\_\_\_.



Osondontathu aba-5 banamasondo  
a- \_\_\_\_\_ esewonke.

$$3 + 3 + 3 + 3 + 3 = 5 \times 3 = \underline{\hspace{2cm}}$$

Osondontathu aba-2 banamasondo  
a- \_\_\_\_\_ esewonke.

$$3 + 3 = 2 \times 3 = \underline{\hspace{2cm}}$$

Osondontathu aba-4 banamasondo  
a- \_\_\_\_\_ esewonke.

Osondontathu abayi-6 banamasondo  
a- \_\_\_\_\_ esewonke.


Osondontathu abayi-9 banamasondo  
a- \_\_\_\_\_ esewonke.

Osondontathu abayi-8 banamasondo  
a- \_\_\_\_\_ esewonke.



Imigqa yezinombolo


Buka isibonelo.



a.  $3 + 3 + 3 + 3 = \boxed{\hspace{1cm}} = 4 \times 3 = \boxed{\hspace{1cm}}$




b.




$$3 + 3 + 3 + 3 + 3 = \boxed{\phantom{0}} = \boxed{\phantom{0}} \times \boxed{\phantom{0}} = \boxed{\phantom{0}}$$

c.



$$\boxed{\phantom{0}} = \boxed{\phantom{0}} = 6 \times 3 = \boxed{\phantom{0}}$$

d.



$$\boxed{\phantom{0}} = \boxed{\phantom{0}} = 10 \times 3 = \boxed{\phantom{0}}$$



Amabhayisikili kanye nosondontathu



UBusi ubala amasondo emabhayisikilini kanye nawosondontathu esitolo.  
Kunamasondo ayi-14 esewonke.

Mangaki amabhayisikili? \_\_\_\_\_

Bangaki osondontathu? \_\_\_\_\_



28

Usuku:

Ithemu |


## Yikuphi okuza ngaku-4?



Ukubala imilenze

Izinkomo zinemilenze emine.

Okuthile ngezinto eziza ngazi-4  
 $4 + 4 = 8; 2 \times 4 = 8$



Yikuphi okunye okuhamba ngaku-4? \_\_\_\_\_



Ukubala imilenze

Hlukaniselanani izimpendulo.  
 Chazani ukuthi nikwenze kanjani.

Sebenzisa amaqliniso owaziyo ngezinto ezhamba ngazi-4 bese uphendula le mibuzo.

inkomo  e - 1 imilenze e - <input type="text" value="4"/>	izinkomo  ezi - 2 imilenze e - <input type="text" value="8"/>
izinkomo  ezi - 3 imilenze e - <input type="text"/>	izinkomo  ezi - 4 imilenze e - <input type="text"/>
izinkomo  ezi - 5 imilenze e - <input type="text"/>	izinkomo  ezi - 6 imilenze e - <input type="text"/>
izinkomo  ezi - 7 imilenze e - <input type="text"/>	izinkomo  ezi - 8 imilenze e - <input type="text"/>
izinkomo  ezi - 9 imilenze e - <input type="text"/>	izinkomo  ezi - 10 imilenze e - <input type="text"/>



Qedela leli thebhula elingezansi. Sebenzisa isibonelo.





Izinkomo ezi - 3 zinemilenze eyi - _____.	$4 + 4 + 4 = 3 \times 4 =$ <u>12</u>
Izinkomo ezi - 5 zinemilenze engama - _____.	
Izinkomo ezi - 4 zinemilenze eyi - _____.	
Izinkomo ezi - 7 zinemilenze engama - _____.	
Izinkomo ezi - 8 zinemilenze engama - _____.	



### Imigqa yezinombolo

Khombisa isibalo sokuphindaphinda emgqeni wezinombolo bese uwuqedela.



29

Usuku:

Ithemu |

## Amaphethini ezinombolo



Amaphethini egridi

Zakha liphi iphethini iziyungi ezivela kugridi ye -100 ngayinye?

Dweba ezinye iziyungi ukuqedela iphethini ngalinye.

Bhala igama lephethini ngalinye.

a. Iphethini: \_\_\_\_\_

			○				○		
			○				○		
			○				○		
			○				○		
			○				○		
			○				○		
			○				○		

b. Iphethini: \_\_\_\_\_

○		○		○		○		○	
○		○		○		○		○	
○		○		○		○		○	
○		○		○		○		○	
○		○		○		○		○	
○		○		○		○		○	
○		○		○		○		○	

c. Iphethini: \_\_\_\_\_

		○		○		○			
○			○		○		○		○
○			○		○		○		○
		○		○		○		○	
○			○		○		○		○
○			○		○		○		○
○			○		○		○		○

d. Iphethini: \_\_\_\_\_

		○			○			○	
○			○		○		○		○
		○		○		○		○	
○			○		○		○		○




## Ukuzenzela amaphethini


a. Kuleli phethini lezinombolo, izinombolo zakhona azilona ugweje. Yiziphi izinombolo ezingekho? Zibhale.



b. Kuleli phethini lezinombolo, izinombolo ziwigweje zonke. Yiziphi izinombolo ezingekho? Zibhale.



Zingena kuphi lezi zinombolo?



Iphethini lezinombolo ezibala ngaku-3 nangaku-4.

isb: 48

Iphethini lezinombolo ezibala ngaku-3 nangaku-5.

Iphethini lezinombolo ezibala ngaku-4 nangaku-5.



## Olwandle

UThembni uqoqe amagobolondo ahamba nga-60  
nanga-70 olwandle. Uma ewabala ngama-3, usala neli-1.

Inombolo okungahle kube yiyo: ngama-61, \_\_\_\_\_, \_\_\_\_\_, ama-  
70. Uma ebala ngaku-5, usala noku-4. Izinombolo yilezi: \_\_\_\_\_,  
\_\_\_\_\_. UThembni unamagobolondo amangaki? \_\_\_\_\_.



Teacher: \_\_\_\_\_  
Sign: \_\_\_\_\_  
Date: \_\_\_\_\_

11 12 13 14 15 16 17 18 19 20

30a

Usuku:

Ithemu |

## Ukuhlukanisa



Hlukanisa amaswidi:



- a. Hlukanisela abantwana ababili amaswidi angama -30.



Sikubhala kanje:

$$30 \div 2 = 15$$

- b. Hlukanisela abantwana aba -3 amaswidi.



$$\div =$$


- c. Hlukanisela abantwana aba -5 amaswidi.



$$\div =$$




Singawasebenzisa amabhlukhi ezinombolo uma sihlukanisa.




Yenza lezi.

a.



b.



Teacher:  
Sign:  
Date:

30b

Usuku:


Ithemu |

## Ukuhlukanisa (kuyaqhutshwa)



Sebenzisa imigqa yezinombolo ukubhala isibalo sokususa nesokuhlukanisa ngemisho yezinombolo.


Isibonelo:



$$16 - 2 - 2 - 2 - 2 - 2 - 2 - 2 - 2 = 0$$

$$16 \div 2 = 8$$

a.



$$21 - \underline{\quad} =$$
  
$$\boxed{\quad} \div \boxed{\quad} =$$

b.




$$28 - \underline{\quad} =$$
  
$$\boxed{\quad} \div \boxed{\quad} =$$

c.



$$\underline{\quad} - \underline{\quad} =$$
  
$$\boxed{\quad} \div \boxed{\quad} =$$



Dweba umugqa wezinombolo bese uwuxazulula.

a.  $30 \div 5 =$



b.  $22 \div 2 =$



c.  $27 \div 3 =$



d.  $32 \div 4 =$




e.  $25 \div 5 =$



### Inselele


Hlukanisela amaqoqo ahlukena  
ezingane amaswidi angama - 24  
ngokulinganayo, ukukhombise  
lokho ngezindlela ezahlukene.

Bhala imisho yezinombolo  
ukukhombisa impendulo.



Teacher:  
Sign:  
Date:

31




Usuku:

Ithemu |




Dweba umugqa uqondanise isimo neqhezu.




Okukodwa  
kokuthathu

$$\frac{1}{3}$$




Okukodwa  
kokuhlanu

$$\frac{1}{5}$$




Ikota

$$\frac{1}{4}$$




Uhhafu

$$\frac{1}{2}$$




Amakota  
amathathu

$$\frac{3}{4}$$




Okune  
kokuhlanu

$$\frac{4}{5}$$



Okuphelele

$$1$$



Okubili  
kokuthathu

